Ruthe 1:1-6 = UNkulunkulu Uthatha Phansi Phakathi Kosizi Lwabantu Bakhe = 20-07-97

Sisesikhathini sabahluleli; besizokuthi namhlanje yisikhathi sezimantshi ezibusa ezifundeni ezehlukene zakwaIsrayeli; akukabikho-inkosi ephethe amandla onke ezweni lonke jikelele lakwaIsrayeli. Kepha iNkosi yangaphezulu ikhona egama layo linguNgikhona. Nxa abakwaIsrayeli bethobela imithetho yakhe, bayokubusiswa bazinze. Kodwa isikhathi sabahluleli yisikhathi esibi. Yisikhathi esingenamthetho. **Yilowo nalowo wenza okulungile emehlweni akhe** (abaHlul 21:25). Yisikhathi sokumhlubuka okuvamile uNgikhona. Akakho ongabe esakunaka akushoyo.Ofunda abaHlul 18-21, usuke ethuswa ngokubi akufica khona. Siyezwa ngokudlondlobala kodlame okufana nolwakithi; ubugqingili buvamile nxazonke; abesifazane baye bahlukunyezwe noma kuphi. Kukhonzwa esontweni likaJehova izithixo kanti akekho olishumayezayo.

indlala

Nokho uNkulunkulu ubengakalilahli isonto lakhe; yisimangaliso sokuzwa ukuthi usalithanda njalo. Kumbe nithi nina: kanti asifundi lutho ngokulithanda kwakhe. Lalelani-ke! Sifunda ukuthi kwakukhona **indlala** ezweni. INkosi ayihlehlanga ngokuthi mabazibonele bona. Iyabaxwayisa abangabayo ngokubathumela indlala njengokuba yavele yasho ukuthi iyokwenza lapho abangabayo beyihlubuka(funda Dut 28). **Indlala isabonisa ukunakekela kweNkosi.** Ngakho ake sibone ukuthi abangabayo basayizwa yini iNkosi yabo ukuthi ithini. Konje thina sisezwa yini namhlanje ukukhuluma okunje kweNkosi okungenamazwi na? Inezindlela zayo zokusixwayisa. Niyaziqaphela yini noma cha?

ngomuzi ozimisele ukuqala phansi

Nasemzini waseBetlehema ukudla kwakuphelile nya. EBetlehema (lithi lelibizo: iNdlu yeSinkwa) isinkwa sasingasekho. Kwakuhlala khona umuntu owayeyisikhulu ogama lakhe lalinguElimeleki (okusho ukuthi uNkulunkulu wami yiNkosi) kanye nomkakhe **uNawomi** noma ngesiZulu **uNomnandi** kanye namadodana abo omabili. Babekhathele ukuhlafuna umhlabathi njalo. Yase ithi indoda: lendawo esikuyo ayizwani nathi, nina kaMahiloni; masithuthe siye kwelinye ilizwe; ngizwile ukuthi kungconywana ezweni lakwa**Mowabi**. Ake sime lapha kancane sibuze ukuthi uElimeleki owayeyisikhulu khona lapho eBetlehema akaqondanga yini indaba yendlala na? Akezwanga yini isixwayiso sikaNkulunkulu endlaleni na? Akakhumbulanga yini ukuthi izwe lakwaMowabi laliyindawo eqalekisiweyo phambi kweNkosi na? Ngoba phela abakhile kulo balingé ngamabomu ngaphambili abeNkosi ukuba bafebe nabesifazane bakwaMowabi ngesikhathi besadabula ihlane(funda Num 25; Dut 23:3-6).Ngakho sithi: kahle,mfowethu, awusoze wathuthuka endaweni enje

Kodwa uElimeleki akazange wezwa isixwayiso sikaNgikhona; ubengasaqondi kahle izwi leNkosi njengokuba namanje ezweni lethu elidlondlobala udlame nakho konke okubi, iningi lethu alisaqondi kahle izwi leNkosi esanakekela njalo isimo esibi esisekuso namhlanje.Ngoba ukuxwayisa ngukunakekela. Kududuzekile ukungafundi ukuthi **iNkosi yamlahla uElimeleki nomuzi wakubo ngenxa yokungaliqondi wakhe iZwi layo**. Ngasemuva sobona ukuthi uNomnandi(uNawomi) uzokuzwa enhlizyweni yakhe ukuthi indlela ababehamba ngayo kwakungesiyo eyeNkosi. Nathi siduduzekile,ngisho thina esiphila namhlanje eSouth Africa elisha,thina esingaqondi kahle ukuthi izixwayiso zeNkosi ziseza kithi njalo.Isixwayisi singcono kunesijeziso!

mayebabo, indaba ayizekeki

Umuzi wakhwelwa lusizi olukhulu kabi kwaMowabi. Indoda eyathi mangibalekele indlala, yafica khona **ukufa.** Umuntu uyayiceba indlela yakhe kodwa isiphetho sayo sisesandleni seNkosi. Sekusele umfelokazi namadodana amabili. Wona angashela amantombazane anjani lapho kwaMowabi na? Awakhona alapho kuphela! Sengathi ayikho enye indlela noma-ke iNkosi yayithé ungaganiselani nazo izintombi zezizwe zangaphandle. Kwathi uma kungcwatshwé indoda yasekhaya, kwabakhona **imishado emibili.** Amadodana womabili ashada nezintombi zakwaMowabi **uOrpa noRuthe.** Kodwa maye kuzo! Omakoti bobabili basheshe bafelwe ngabakhwenyana. **Sekukhona abafelokazi abathathu** kodwa akukazalwa abantwana. Usizi lakwaMowabi lukhulu kunosizi lakwaIsrayeli. Sengathi sizwa ngendaba yaseAfrika. Sekusele abesifazane abangabafelokazi bodwa. **Inhlakanipho yezwe isiphuthile.** Sengathi umuntu angamlalela uNkulunkulu wakhe ngesikhathi! Sekudlulé iminyaka eyishumi kwaMowabi. IZwi lithi: ngasekugcineni lowomuntu kumonakalele kakhulu kunakuqala.

sekuyiNkosi esithatha phansi

Wonke amacebo omuntu asephuthile. Amadoda aseshonile. Awasekho amandla. Kusele abesifazane abangabafelokazi kuphela. Omakoti bobabili abakwazi ukuqonda izwi leNkosi. Sekusele isalukazi uNomnandi kuphela. Njengokuba kungaba-nguwe,mame, wena wedwa emzini wakini oqonda izwi leNkosi

nohlangene nayo.

Yebo, ukukholwa kukaNomnandi kuxubene nokungeyikho ukukholwa okuqotho. Nokho ngelinye ilanga uyezwa ukuthi uJehova uhambele abantu bakhe ukuba abaphe ukudla. Akashongo: yinhlanhla noma isasasa nje. Useyabona ukuthi **yisandla sikaNgikhona.** Yikho lokho okumenza abuyele ezweni lakubo. **Ukukholwa kwesalukazi sinye kungasindisa umuzi wonke.** Yisalukazi uNomnandi osebona ukuthi masihambe, yiNkosi esibizile. Omakoti bobabili bakwaMowabi bangasinda nabo lapho behamba naye. Kanjalo bobathathu babamba indlela ende yokuya eBetlehema lapho inkosi yethu ibizokuzalelwa khona. Isho njalo incwadana yethu yamanje: sekukhona ithemba elisha livela eBetlehema(4:18-22). Olizwa izwi leNkosi aye khona uyofumana khona isinkwa sokuphila.

Ruth 1:7-22 - uMame uNomnandi UZwile, Usebuyela Kwelakubo Nawomalokazana Bakhe

27-07-97

Yebo, uNawomi noma uNomnandi unakile umbiko wasezulwini; kufanele aphindele eBetlehema ezweni lakwaIsrayeli. Uzwile kahle. Besizokuthi namhlanje: indawo yokholwayo isesontweni ngaphakathi; ngaphandle kwalo ukukholwa komuntu kuthanda ukubuna. Ngenhla siboné ukuthi ukukholwa kukaNomnandi kuthwalé umuzi wonke kepha namhlanje sokuzwa ukuthi ukukholwa komuntu okude neNkosi njengalowomame akukwazi ukuphila kahle; akuqondile, kutshekile njengomuthi ogulayo.

7-10 usekhuluma kahle yini?

Kwathi-ke uma sebebambé indlela -uNomnandi kanye noOrpa noRuthe- wema uNomnandi endleleni wathi kubo omalokozana: masivalelisane manje, mina ngithatha indlela yokubuyela kwelakwethu eBetlehema, nina-ke nibuyele endlini yenkaba yenu; njengoba niphathe kahle abakhwenyana ababili abangasekho, nginesiqiniseko sokuthi uJehova uyokunibusisa khona kwaMowabi ekhaya likanyoko, niphinde nigane nibe-nomuzi. Akabanikezanga ithuba lokucabanga nelokusabela. Wabeluleka maqede wabanga baze bakhale izinyembezi bonke.

Umame ubayalezé kahle yini? Okokuqala thina baseAfrika sithi: kanti bangomakoti bakho,mame! Bahlangene nomuzi kababa uElimeleki ongasekho.Umuntu angamukisa kanjani omakoti bakhe na? Okwesibili isalukazi singakhuluma kanjani ngesibusiso seNkosi eyakubabusisa ngaso omakoti kwaMowabi na? IMowabi yilizwe labangakholiwe lapho iNkosi ingahlali khona, yilizwe eliphansi kwesiqalekiso seNkosi (Dut 23:3-6). UNomnandi ngumuntu okholwayo kodwa udidekile ngeNkosi lapho ingabusisa nalapho ingabusisi khona. Kufana nebandla elithi kwabangakholiwe: manihlale kahle khona-lapho ebumnyameni enikubo,sengathi iNkosi inganibusisa khona.

Omakoti bobabili sebezwa kahle ukuthi ngomthetho kufanele bahambe nesalukazi, bangabomndeni kaElimeleki. Bayezwa futhi umame owayelokhu exoxa nabo ngenkonzo eqotho yeNkosi yakwaIsrayeli, uthanda ukuhlukana nabo. Badidekile. Wonke amazwi kamame ashiwo kwaMowabi kanti ayize leze na?

11-13 kahle mame!

Nokhana isalukazi sesizimisele. Asifuni ukuphikiswa. Ofunda konke esikushoyo la, usheshe abone ukuthi uNomnandi uxoxa lapha ngendaba yokungena. Kungabe kusekhona kithi onganingena yini? Mina angisakwazi ukubeletha umntwana abe-ngumkhwenyana wenu.

Sithi: kahle mame. Uma kungafunyanwa ongabangena kwaIsrayeli, akanakufunyanwa nakwaMowabi. Omakoti mabaphilele iNkosi kanye nawe esontweni lakwaIsrayeli! Noma umuntu eshada noma engashadi, makube-seNkosini. Yini esiyifunela thina namhlanje abantwana bethu na? UNomnandi wabona umshado womakoti bakhe kuphela. Abasha bazamele ukuthi bashade kuphela na? Noma nakubani? Funda I Kor 7:39;II Kor 6:14-18.

UNomnandi ufikelwé ukuxineka okukhulu.Akekho owehlelwa yishwa elingangelakhe.Ushonelwé kwaMowabi umyeni wakhe namadodana womabili. Kodwa uthini manje? Ngingenelwé yikho konke okunjalo njengoba isandla seNkosi siphambene nami. Ukuxakeka kwakhe kwavela eNkosini yini?

14-15 uOrpa uphinda emuva

Masingamkhuzi uOrpa owehlulwa nguninazala. Mhlawumbe wathola umkhwenyana kwaMowabi nesasasa lomshado nabantwana. Kodwa akazange wafumana khona isibusiso seNkosi! Waphila wafa khona-lapho engenayo iNkosi. Kwakunjengoba uninazala akamqondisanga kahle waze wakhetha kabi.

UNomnandi cishe waphumelela ukumehlula noRuthe. "Uhambise okukasisi wakho,mntakwethu! Umnakwenu usebuyele kunkulunkulu wakhe". Ngumuphi unkulunkulu? Kungabe kukhona kithi abakhulumisa okukaNomnandi na? Yilowo nalowo unonkulunkulu wakhe; kuyafana konke. Omunye angamkhonza uAllah, omunye akhonze abaphansi, omunye akhonze ibhola; kuyafana konke nje.Kushiwo kanjalo UKristu akasiyo indlela eyodwa kodwa uyindlela ethize phakathi kweziningi.Isonto elikhuluma kanjalo akuseyilo isonto leNkosi.

16-18 uRuthe uyamlandela uninazala

Uvo olukhulu lukaRuthe lusasithulisa namanje. Akamlandeli uninazala njengoba ethi ngabe ngingathola kwaIsrayeli umkhwenyana. URuthe wayesezwile iminyaka eyishumi esekhona emzini kaNomnandi ukuthi inkonzo kaJehova yehlukene nenkonzo yawonkulunkulu bakwaMowabi. Usezimisele!

.....2

Ngakho uthi kuninazala: ungangincengi futhi, mame; sengifeza isibopho sami sokuhlala phakathi kwabomdabu kababa uElimeleki nakuba ngizwa kahle ukuthi akusekho kini eBetlehema abangangingena ngishade nabo. Kulungile. UNkulunkulu wakho nguNkulunkulu wami; abantu bakho babe-ngabantu bami. Ngokuba nanamhlanje akakho ongayikhetha iNkosi ngaphandle kwabantu bayo. Okhetha iNkosi, uyamukela nabantu bayo nakuba belukhuni ngesinye isikhathi. Njengokuba sengathi uRuthe akemukeleki kakhulu enhliziyweni kaNomnandi.

Sengathi nina nibamukela kahle abavela ngaphandle kunoNomnandi. Sifunda ukuthi uNomnandi esebonile ukuthi umakoti uzimisele ukuhamba naye, wayeka ukukhuluma kuye. Ubefanele ukumkhuthaza nokumduduza njengoba engeke-esababona abakubo bakwaMowabi. Niyamukela kanjani abavela ngaphandle na?

19-22 **sebefika eBetlehema**

Kunzimana ukumthanda umame kakhulu lapho simbona ebuyela phakathi kwabakubo.Wonke umuzi ujabula uthathekile uyamamukela. Kodwa uNomnandi uthanda ukuhlala phakathi kosizi lwakhe lwakwaMowabi.Kanti nangu ekhona futhi phakathi kwabakubo! Uyambeka uNkulunkulu icala; uthi nguYena -usho njalo- ngahamba ngigcwele kanti empeleni wahamba eswela. Sengiyabuya ngize futhi! Kodwa uyathula ngoRuthe emziba sengathi akekho.

Thina bantu siyakha amasu ethu kodwa iNkosi yangaphezulu yiyo leyo efeza umsebenzi wayo wensindiso phakathi kwezizindlo nezinkulumo namaphutha ethu. Akekho namunye waseBetlehema owazi ukuthi lowomakoti wakwaMowabi ukhethwé yiNkosi ukuba neqhaza eliphambili kwaIsrayeli.UNkulunkulu wasezulwini umatasatasa enza icebo lakhe lensindiso kaJesu ngomakoti wangaphandle. Ayikhethanga omame abahloniphekayo bakwaIsrayeli ukuba babalwe phakathi konina bakaJesu.Ningadeleli abasand' ukungena esontweni nabangazi lutho ngenkonzo yeNkosi. Ayidingi inhlakanipho yethu! Funda I Kor 1:18-31. UNkulunkulu akasindisi izoni ngamandla amadoda epolitiki kodwa ngobuthakathaka bendoda eyabethelwa eGolgotha.

INkosi Isiyasombulula Okuyingcosana Kwecebo Enalo NgoRuthe Ensimini KaBowazi
(Ruth 2:1-17 - 03-08-97)

Sekufikile eBetlehema abafelokazi ababili, omdala nomusha, uNawomi(Nomnandi) kanye noRuthe abaphelelwe amathemba onke. Akukho-mntwana nomshado nokudla. Kodwa kukhona okwakungekho kwaMowabi: iNkosi khona!

1. ngecebo leNkosi

Umusho wokuqala wetekisi lanamhlanje uphethe ithemba: kusekhona isihlobo eBetlehema sabomdabu kaElimeleki, indoda enothile; nguBowazi noma ngesiZulu nguMandlakhona. Sengathi singalungulunguza ecebweni likaNkulunkulu osaqondisa inhloso yakhe phakathi kwezinsizi abazakhayo abantu. Sengathi abafundi beBhayibheli bakhunjuzwa ukuthi niyabona na? INkosi isasebenzela icebo layo lapho kusemnyama phakathi kwethu. Yebo, kusemnyama impela emzini wabafelokazi bobabili. Yithina esiboniswa okuyingcosana kwesu likaNkulunkulu kodwa abesifazane ababoni lutho.

2. ngecebo likaRuthe

Sebebuyele bobabili esontweni likaNkulunkulu kwaIsrayeli. Balambile! Isonto alibenzeli lutho abahlushiweyo kanti? Isonto liyakhuluma kuphela lithi: hamba kahle udle usuthe (funda Jak 2:16) lingalekeleli abafelokazi ababili na? Cha, ngomthetho kaNkulunkulu kukhona indlela enhle yokusiza abampofu esontweni. Ngumkhuba wokukhothoza emasimini emva kwabavuni (chaza Lev 19:9;Dut 24:19). Bangelande nje mahhala ukudla kwabo; banelungelo labo lokukusebenzela emasimini.

UNomnandi akakhulumanga ngani ngalowomkhuba omuhle na? Cha, uzivalelé ngaphakathi kosizi lwakhe. Kufanele akhombise umakoti osand' ukungena esontweni lendlela kodwa sengathi usalele, usemunyu enhliziyweni. NguRuthe osangululwa ngemva kokuba esezwile ngomkhuba wokukhothoza. Kodwa uninazala sengathi uzithela ngabandayo.Uthi kuphela: hamba nje, kulungile. Kufanele ukuthi asebekholiwe isikhathi eside bakhuthaze abasand' ukungena. Kepha uNomnandi uhlezi nje esontweni engamnakile umakoti. .

Konje niyabona ukuthi uRuthe akahlalanga endlini yakhe ethi: ngisamlindele uNkulunkulu aze angincede na? Cha, ngecebo lakhe elincane kuyogcwaliseka icebo elikhulu leNkosi!

3. ngoBowazi okuthokoza kwakhe kusemthethweni kaJehova

Kunzima kuRuthe. Abesonto laseBetlehema bazomamukela yini? Nizothini nina nxa umuntu osand' ukujoyina ibandla, ezocela usizo emkhandlwini na? Ningaphendula ngobuqotho na? Sesifunda ukuthi "kwase kwenzeka ukuba afike esiqeshini sensimu sikaBowazi"(3). Besizokuthi: ngenhlanhla (qhathanisa isihumusho sesiNgisi: she *happened* to come). Kusho ukuthi akusilo icebo likaJehova na? Kahleni nina eniye nihudulele kukho konke nje igama elingcwele leNkosi (osaphumelela ukungena ngesikhathi ekhumbini uthi: mayibongwe iNkosi).Funda uMshum 5:1. URuthe sengathi wayidukuza insimu kaBowazi wase ethi *ngasemuva:* kwakuyindela yeNkosi.

Libusisiwe ibandla elinabantu abanjengoBowazi. AbanjengoNomnandi banele kodwa abanjengoBowazi okuthokoza kwakhe kusemthethweni kaJehova(iHubo 1:2), bangaki kithi?. Akamkhonzi uJehova ngesonto kuphela. Niyabona ukuthi bahlalisana kanjani abangabakhe emsebenzini?(4). Abantu abamsebenzelayo abasiyo imishini yomsebenzi nje kuBowazi. Nxa ebona umuntu angamaziyo ufuna ukuzwa ukuthi ngubani(5-7). Yena oyisikhulu saseBetlehema akaziqhenyi ngaphezu kowesifazane ongumfokazi nompofu. Akaboni owesifazane omusha njengomfazi wokumkhanukela. Uyamvikela azi kahle ukuthi kukhona njalo abesilisa abafisa ukuhlukumeza abesifazane(9,15). Akamdeleli ngokuthi nango owakwaMowabi, kuhle uma exakekile(sithi lowoMsuthu!). Uyabonisa umsebenzi *womdikoni wesonto.* Akalekeleli nje ngokumphakela ukudla kodwa uyamduduza futhi ngamazwi aze azizwele kahle esekhaya ekhululekile khona lapho ensimini(11-12) Nguye ongumuntu wokuqala okhuthaza ilunga elisha lebandla!

Akasho nje amazwi ashibhile (12) kodwa uyazama nokuzama ukuthi lawomazwi amakhulu agcwaliseke ngokumphatha kahle kukho konke nangokuyaleza izisebenzi zakhe ngaye.

4. ngoRuthe ofumana abazalwane abasha phakathi kwabesonto

UBowazi uyabuzwa ubuhlungu bonke asenabo uRuthe emoyeni wakhe nanxa ethi kuye: ushiyile uyihlo nonyoko nezwe lokuzalwa kwakho, weza kubantu ongabazanga ngaphambili(11). Ohlangene nesonto likaKristu, uyashiya ngendlela ethize okuningi kwasekhaya. UJesu uyakhuluma ngokushiya indlu nabazali nabafowabo nabanye (Luka 18:29-30). Kungabanzima kakhulu. Ngoba uvo lukaKristu luhlukene novo oludala lwasekhaya. Nokwana abadela okunjalo enkolweni bayobuye baphiwe abafowabo abasha. URuthe usekhona phakathi naphakathi. Uselahlekelwe yikho okudala, ebengakakutholi okusha. Kuyisikhathi esinzima. Ongamukeli okusha, uthanda ukubuyela kukho okwayizolo ngoba akekho othanda isizungu. Manje

nguBowazi omsizayo uRuthe ukuba abuye athole abazalwane abasha esontweni. Usezizwa esekhaya ngosizo lukaBowazi! Sidinga kabi oBowazi abanjalo emabandleni ukusiza abazalwane abasha abaphakathi naphakathi njengoRuthe.

5. ngesibusiso sokudla

Ntambama uRuthe useyagoduka ephethe i-efa lebhali; thina sithi namhlanje: itini lempuphu. Kuyisibusiso. Akusikho ukudla nje komlomo. URuthe usezitholele indawana yakhe phakathi kokuhlangana kwabangcwele. Lowomuntu wangaphandle wakwaMowabi usebe-ngumzalwane eNkosini ngomusa kaBowazi. Kunjani kinina ngamalunga amasha?

Nasi isiphetho sendaba: ekusebenzeni kukaRuthe nasemazwini kaBowazi nasekumatasataseni kwensimu nguNkulunkulu oseqalé ukusombulula icebo lakhe elimangalisayo lensindiso.Ukuba kuzalwe uMsindisi wezwe esizukulwaneni sikaRuthe.

Nani niyakholwa ukuthi iNkosi isiyagcwalisa namanje phakathi kodlame lwaseNatali icebo layo ekuphileni kwenu kwemihla ngemihla kube-ngokuhle kwenu na?

Ruth 2:18-23 = UMHLENGI UBOWAZI OYISITHUNZI SIKAKRISTU, USEYABONAKALA

(10-08-97)

Ekuseni kwakungasekho ukudla emzini kaNomnandi(uNawomi); kwaba-ngukulamba kodwa. ntambama ukudla kwakukhona. Kwakunjengokuba kwakukhona umthetho womusa kaJehova wokukhothoza emasimini; lowomthetho wanika abahlushiweyo njengabampofu nabefelokazi ilungelo lokucosha okusalile emasimini. Kepha kuyenzeka ngisho naphakathi kokuhlangana kwabangcwele esontweni ukuthi umthetho omuhle kaKristu ungabinabo abawenzayo. Umthetho wothando lukaKristu uthi: thwalisanani imithwalo yenu(Gal 6:2) kodwa bakhona yini abawenzayo phakathi kwethu na?

18-19 umbiko kaRuthe

URuthe wafika ekhaya ephethe ithini lebhali wamnika uninazala konke akuphiwe emini nguBowazi nakushiyile (14). Isalukazi esasiwazi kahle umsebenzi olukhuni wokukhothoza emasimini sabamba umlomo sibona ukudla okuningi kangaka. Cha, akakho ongathola okungangalokho ngokukhothoza! Ngakho sisheshe sibuze imibuzo eminingi. Bese sifunda thina wonke umbiko kaRuthe ngakho konke afikelwe yikho emasimini. Yebo, umakoti usakhumbula kahle igama lomnininsimu; linguBowazi noma uMandlakhona. "Sengathi ungumuntu ocebile emzini waseBetlehema, mame", kusho njalo uRuthe. Kodwa angakushongo yikho lokho kokuthi uBowazi **ungowabahlengi** Ngoba phela intombi yakwaMowabi ibingayazi kahle imithetho emihle kaJehova, iNkosi yakwaIsrayeli. Phakathi kwaleyo kwakukhona othile owobubele owawusebenza kanje wokuthi uma umndeni othize waphofiswa kakhulu waze wacindezelwa ukuthengisa ngensimu nokunye okwakubo, kwangena omunye wabomdabu owathiwa **umhlengi** noma **umlekeleli** womuzi. Phakathi kwabo bonke abomdabu abehlukene kwabakhona ababili noma abathathu ababekhonjwé babangabahlengi noma abalekeleli bomthetho bomuzi wakubo ukuba babuye bathenge okwakuthanda ukulahlekelwa yilowomuzi ophofisiweyo ukuze kwakungekho-muzi owantula kakhulu kwaIsrayeli.

20-22 uNomnandi useyaphakama

Kwathi uma umame uNomnandi esezwile lelogama likaBowazi, wasanguluka waphakama. Usekhohliwe yini ukuthi kwakukhona umhlengi onjengaye uBowazi na? Ngesinye isikhathi umuntu uyazi engazi, uyabona engaboni (Math 13:13-15). Sengathi ulele. Ngakho iZwi lithi: phaphama wena oleleyo,yikhona uyophunyelwa ilanga elinguKristu akukhanyisele(Ef 5:14). Nami engingumfundisi omdala ngiyazi konke okukaKristu kodwa ngesinye isikhathi sengathi ngilele. Ukuvuka kukaKristu kukhona, kuphilile, ngiyakwazi kodwa sengathi mina ngicambalalé ngingabe ngisezwa amandla okuvuka kukaKristu ngize ngisanguluke ngivuke kanye noNomnandi ngiphunyelwe ilanga elinguKristu namandla okuvuka kwakhe. Ngakho makungabikho-muntu phakathi kwethu othi: sengiphendukelé eNkosini; yilowo nalowo makaphendukele eNkosini uKristu imihla ngemihla aqale phansi zonke izinsuku. Ukuphenduka kwami akusiwo umsebenzi ophelele du. Usaqhubeka wona kuze kube-lusuku lokugcina lokuhamba kwami ngoba mina nawe sisathanda ukucambalala kanye noNomnandi, sibone singaboni, sazi singazi, sizwe ngamandla eNkosi kade singawezwa.

Isalukazi asisakhulumi kamunyu njengayizolo(1:20-21). Esesangulukile umame useyabona futhi umusa weNkosi. Umntwana weNkosi owayelele, usevukile useyabona isandla seNkosi sisebenza ekuhambeni kwakhe.Akasashayi amahubo okukhala kodwa sekuyisikhathi sokushaya amahubo okubonga.

23. sekukhona ithemba elisha emzini wabafelokazi bobabili

Sebetholile umhlengi. Babona bobabili ukuthi kufanele banamathele kuBowazi ongomunye wabahlengi babo. Abesifazane bobabili ngiqinisile ukuthi baphuz` ukulala kulobobusuku. Babelokhu bexoxisana ngomusa weNkosi abafikelwa yiwo. Cha, abasoze bahlukana noBowazi othembekileyo. Kukhona futhi abahlengi abafisa ukubalekela izihlobo zabo kodwa uBowazi cha angeke yena.

Thina siyambona uKristu ebonakala emva kukaBowazi. Naye unguMhlengi wabakubo.. Abakholwa kuYe bayizihlobo zakhe, bangabomdeni wakhe.Akananhloni ukusibiza esiphofisiwe kangaka ngamacala esinawo ngokuthi: ngabafowethu(Heb 2:11-18). UKristu nguMhlengi omuhle kunoBowazi ongumuntu njengathi ngoba umfowethu wasezulwini uyiNkosi yamakhosi onke ehlezi ngakwesokunene sikaYise ezulwini. Unamandla okusikhokhela izikhwelethu zethu ngegazi lakhe.

Niyabona umuzi esikuwo ngomusa wasezulwini na? UNkulunkulu nguBaba wasezulwini, umnewethu nguKristu, thina sonke singabafowabo nodadewabo.Umnewethu uyiNkosi yasezulwini. Mayibongwe!

Ruthe 3:1-7 - NGECEBO LOKUTHOLA USIZO LOMHLENGI UBOWAZI

(17-08-97)

Akusekho ukulamba emzini kaNawomi. Ngobubele bomthetho kaJehova owavulela abampofu indlela yokukhothoza emasimini abafelokazi ababili sebetholile ukudla. Hhayi usuku lunye nje kodwa izinyanga ezintathu kwaze kwaba-sekugcineni kokuvuna kwakukhona ukudla okwanele. Kodwa ayikho indlela enhle yini yokubekela isalukazi nomakoti ukudla njalo baze bazinze kahle phakathi kwabaseBetlehema esontweni na? Yebo, kukhona kwaIsrayeli umthetho omuhle **wabahlengi** njengokuba kuchaziwe ngesonto elidlulé kodwa imithetho emihle ayisebenzi njalo. Phakathi kwethu eAfrika sinomthetho omuhle othiwa *ubuntu baseAfrika* kodwa awusebenzi njalo. Kwabakhona kwaIsrayeli abahlengi abawubalekelayo umsebenzi wabo.

1. ngecebo eliqanjwé nguNawomi

UNawomi noma uNomnandi uhlezi ekhaya udamane esacabanga. Cha, akasafani noNawomie owabuya kwaMowabi nowayemunyu kakhulu(1:20-21). Nangu umuntu omusha wesonto -noma esemdala- ongezwanga nje amazwi ngeNkosi ukuthi ikhona kodwa osezwile uqobo ekuhambeni kwakhe umusa weNkosi(2:20). Useyabona ukuthi kufanele abahlengi balekelele bathenge isiqephu sensimu somyeni wakhe osashona, ngabe ukhina omunye wabo angamngena uRuthe na? Uyintombi yakwaMowabi!. Babili abahlengi.(3:12;4:3-6). UBowazi ulungile noma eseqinile kodwa owesibili umhlengi angimazi kahle, isho njalo inhliziyo yakhe. Mina sengiyaguga; kuzobangcono uma umhlengi emngena uRuthe avuse igama lendodana yami engasekho(4:5). Owesifazane ohlakaniphile angayibonisa indoda yakhe indlela ngesinye isikhathi ayivuse engasoni kodwa isizotha sayo.

Yebo, uNomnandi usenalo isu esifubeni sakhe. Umuntu omdala uyakhombisa umuntu omusha indlela esontweni."Lalela,makoti", kusho isalukazi,"kuyisikhathi sokwela amabele okusho ukuthi amadoda alala endle emasimini ezinqwabeni zamabele; namhlanje ngikuphathisa umsebenzi omkhulu wokumhlonipha kakhulu umhlengi wethu uBowazi. Ngakho ugeze kahle ugqoke isambatho esikhulu esifana nejazi elide, uye la ezokuba-elele khona ulinde khona uqaphele ukuba kungabikho-okubonayo ngoba indaba ophezu kwayo inkulu kabi; hlala khona aze aqede ukudla nokuphuza kwakhe; kuyakuthi uma eselele kahle, sondela wena ulale nawe ngasezinyaweni zakhe uthule; lapho eyovuka, ungathinta ngokuhlonipha indaba yokuhlenga(9) Khonake uBowazi uyakukutshela oyakukwenza(4). Kungathithi sesiyabona eOT ukuthi uMoya oNgcwele ukuthi usebenza kanjani. Akasebenzi ngaphandle komuntu kodwa umuntu uyamdedela uMoya futhi.

2. ngecebo elenziwa nguRuthe

Umuntu osand' ukungena esontweni akakazazi zonke izindlela zeNkosi. Ngakho makaqaphele kahle alalele labo asebengenile isikhathi eside(funda I Tim 3:6). URuthe ovela ngaphandle kwaMowabi uyamlalela uninazala enze njengakho konke amyalé ngakho uninazala. Impela konke kwahamba ngokwecebo likaNomnandi khona lapho ebusuku ensimini kaBowazi. Kwathi uma elele, kwasondela uRuthe ethula ethi du, walala khona ngasezinyaweni zikaBowazi wambula umphetho wengubo yakhe esalinda ebona okuzokwenzeka. Akananhloni yomuntu ozigaxa endabeni engalungile. Lomakoti unonembeza okhululekile(10). Indlela ahamba ngayo, yindlela yeNkosi.

Cha, uSathane akekho lapho esibuyeni sikaBowazi. Mhlawumbe imicabango yethu igijimela ngaphambili ithi:yini ezokwenzeka nxa indoda ivuka imuzwa owesifazane elele ngasezinyaweni zayo na? Kodwa lokho esikuqambayo akukho lapho esibuyeni. Konke kuhlanzekile kwabahlanzekileyo kepha akukho lutho oluhlanzekile kwabangcolileyo(Thith 1:15).

3. ngecebo elisho ukuthini

Akushiwo lutho kulendaba yamanje ngegama leNkosi, akuthandazwa, kodwa indaba yokushada iyalungisiswa kahle ngokwentando yeNkosi ngendlela ethakaselwe nguNkulunkulu netuseka kubantu, kube-ngokwamasiko aseIsrayeli. Isisekelo somshado onjalo siqinile. Sifunda ku-I Thes 4 ukuthi yilowomuntu makathole umkakhe nomkhwenyana wakhe *kungabi-ngokushisa kwenkanuko*(5).Yindlela yabaningi namuhla.Kuyashadiswa njengoba owesifazane usekhulelwe. Akusona isisekelo esiphilile somshado.Imishado emingi ichithekile njengoba isisekelo sayo asiphilile.

Siyabona namhlanje ukuthi inkonzo yeNkosi ayipheli esontweni. Sifundiswa khona ukuthi singayikhonza kanjani nxazonke; iNkosi ifuna ukukhonzwa nasesikoleni nasebusuku nasekujuleni kwenhliziyo.Njengokuba sibona namhlanje ukuthi iNkosi yayikhona ebusuku esibuyeni sikaBowazi phakathi kowesilisa nowesifazane. ONawomi noRuthe batholé umhlengi wabo ngendlela ecwebileyo. Nathi asikwazi ukuthola umhlengi wethu uJesu-Kristu ngenye indlela, ngokukholwa okuyikho kuphela.

Ruthe 3:8-18 - NGAMALUNGISELELO OKUGANISELANA EBANDLENI LENKOSI

31-08-97

1. ngecebo

Konke okwenzekayo endabeni yamanje yasebusuku kwakuyicebo likaNawomi lokuthi umalokozana wakhe uRuthe wayezokuya ngasese esibuyeni sikaBowazi, alale khona ngasezinyaweni zakhe, ambule umphetho wengubo yakhe, alale phansi kwawo, bese elinde abone okuzokwenzeka. Kanti sengathi yisenzo somfazi oshibhile sokwenza njalo ozigaxa othandweni langasese, azuze ngokuhlakanipha umkhwenyana! Kahle wena, muntundini, bamba imicabango yakho ukuba ingagijimeli ngaphambili! USathane akekho lapha ebusuku esibuyeni sikaBowazi! Uma ebezokuba-khona, ngabe bazabalaza ngamandla ukuba aphunyuke ahambe ngamahloni. Ngoba nanka amalungiselelo omshado ongcwele ngamasiko amadala esizwe sikaNkulunkulu. Khumula izicathulo zakho,muntundini, indawo omi kuyo ingcwele.

2. ngomakoti

Nango umfelokazi elele ebusuku ngasezinyaweni zendoda elele ubuthongo; uyaqhaqhazela ushaywa uvalo ngoba ngesenzo leso esikhulu uyacela usizo kumhlengi womuzi uBowazi ukuba awulekelele ngomthetho kaNkulunkulu umuzi kaElimeleki osashona, athenge isiqephu sensimu yakhe(4:3), ancede umalokozana owaba-ngumfelokazi kaMahaloni(4:10), amngene. Angala ngoba phela kukhona omunye *umhlengi* oseduze kunaye(12).

Masifundisise lokho kodwa okulotshiwe khona-lapha kokuthi uRuthe walala *ngasezinyaweni* zikaBowazi(4,8,14). Angifundi ukuthi walala ngakuye phansi kwengubo yakhe. Kulotshiwe kanjalo ngokunakekela okukhulu ukusixwayisa ukuthi masingafundi okungabhaliwe khona.

Wathi uma phakathi kwamabili umakoti ebuzwa yindoda uma isivukile ukuthi ungubani wena, akaphendulanga ngokuthi ngiyakuthanda kodwa *yembesa incekukazi yakho umphetho wengubo yakho ngoba ungumhlengi*. Uyacela usizo hhayi uthando. Uyalucela avunyelwe ukulucela ngomthetho kaNgikhona. Kugcinwa lapha ebusuku umthetho wokuthi uthando malungavuswa kungakafiki isikhathi salo. Kukhona isikhathi sokugona nesikhathi samalungiselelo okugona(bheka uMshum 3:1-8). Kukhona okukhulu kunokuthandana kokuthi ukulungiselela konke phambi kobuso obungcwele bukaNkulunkulu.

3. ngomkhwenyana

Indoda isiyaqonda masinya okubuzwa kuyo lapha ebusuku. Asiphiki ukuthi neyayo imicabango yagijimela ngaphambili nxa isizwa umfelokazi uRuthe elele ngasezinyaweni zayo kodwa naye uBowazi uyazi ukuthi kukhona isikhathi sokugona nesikhathi sokungagoni. Uyazi ukuthi uRuthe akahambanga ngendlela yenyama yokulandela izinsizwa noma zimpofu noma zicebile(10); cha, uyazi futhi ukuthi phakathi kobusha nezinkanuko zabo uRuthe usimze ahambe nje ngendlela yenkolo kaIsrayeli ngokucela usizo ngomthetho.Ngakho uthi: mawubusiswe nguJehova, ndodakazi yami. Indlela yenyama ilula kodwa indlela ohambé ngayo ibusisekile. Uyambonga uRuthe njengoba unegama elihle ebantwini; abesifazane abanjengoRuthe baye bahlukunyezwa emphakathini kodwa uRuthe waziphatha ngendlela emsulwa.

Kuyenzeka kithina ukuthi umakoti noma umkhwenyana ajoyine ibandla lethu ngenxa yomshado, bese sithi thina siyabonga. Kodwa ngokusho kukaJesu kuhle ukufuna *kuqala* umbuso weNkosi nokuhlangene nawo.Yikhona-ke owufuna umbuso wayo, okunye uzophiwa khona okunjengomshado(Math 6:33). URuthe wafuna(sesikubonile futhi esahlukweni 2) ngempela *kuqala* umbuso weNkosi. Ngakho njengoba sobona ngaphambili, uNkulunkulu uzomupha okunye futhi kumnyeni olungileyo. Manje singabuza labo abasand' ukungena ebandleni lethu sithi:ningeneleni ebandleni leNkosi na? URuthe wakhetha iNkosi ebandleni *ngenxa yeNkosi uqobo*. Nasi isizathu esiyiso sokungena ebandleni.

Naye uBowazi ufuna *kuqala* umbuso kaNkulunkulu, kungekuthi inyama yakhe.Akambambanga uRuthe kodwa wazithiba ethi: awungiphathise konke ngikulungise kodwa khumbula ukuthi *kukhona umhlengi omkhulu kunami*(12). Umthetho weNkosi mukhulu kunenyama yomuntu. Okwamanje,makoti, thula ngodaba lwethu ngoba abantu bathanda ukuhleba. Kodwa hamba uphathele unyokozala isiphiwo sethini lempuphu. *Ungayi kunyokozala ungaphethe-lutho*(17). Kungathithi ufuna ukubonisa uNawomi ukuthi ngiyazi ukuthi konke kuyicebo lakho, mame, ngiyabonga.

4. nasi isisekelo esiyiso somshado

Sesiyakukhumbula okushiwo ngesonto elidlulé ukuthi umshado ophilile wakhiwa phezu kwesisekelo seNkosi njengomshado kaBowazi noRuthe, *kungabi-ngokushisa kwenkanuko*(I Thes 4:5). Imishado enjalo ayichithwa enkantolo.Isalukazi, umakoti, indoda, bamatasatasa becabanga ngomshado bazi ukuthi nomshado uphansi kweNkosi. Ngakho igama leNkosi lidunyiswa phakathi kwabo ~~kwabo~~,nakuba lingashiwo obala.

Ruthe 4:1-12 - UMHLENGI UBOWAZI USEYAHLENGA - 07-09-1997

Kuyabonakala ukuthi uBowazi akalibali; uzimisele ukuqeda indaba yokulekelela umuzi kaElimeleki masinyane. Omunye ngabe engasho ukuthi kusobala lokho ngoba indoda ifisa ukusheshe iganwe. Nokho ngithi kahle, uBowazi akasiyo insizwa; useyindoda ekhulile enjengomfelwa. Abanjalo abadlubulundeli ezintombini zakwaMowabi. Chabo, izenzo zakhe ziyambonisa umuntu okuthokoza kwakhe kusemthethweni weNkosi. Funda iHubo 1:2;19:8-10. Akayenzi imiyalo yeNkosi ebubula kube-sengathi ngumthwalo onzima. Khumbula ukuthi akamphathanga kahle uRuthe kuphela kodwa nesalukazi asikhohlakali enhliziyweni yakhe(3:17).

1. uyamdedela ongumhlengi wokuqala

Akahlalanga phansi uBowazi. Ekuseni emva kwalobobusuku siyamthola eya *esangweni* lapho kunqunywa khona izindaba zomuzi waseBetlehema ngamalungu omkhandlu. Lusuku lomhlangano namhlanje. Ngenhlanhla kudlula khona futhi ongumhlengi wokuqala.Yinhlanhla kaBowazi; ngoba nakuba efisa ukumngena uRuthe, uyahlonipha umthetho kaNkulunkulu. Akamthathanga uRuthe ngasese ebusuku qede amshiye ngomthetho wamadoda amaningi amanje.Akayanga ekhaya lomhlengi omkhulu ukuxoxisana naye ukuba balungise konke bebodwa. Akafuni ukuhlalisana noRuthe bengakashadi kahle ngomthetho kaNkulunkulu emphakathini waseBetlehema. Uyahlonipha izimiso zikaNkulunkulu kangangokuba uthanda ukumdela uRuthe omuhle kunokuba amgudlule ngenkani ongumhlengi wokuqala ngomthetho.

2. kodwa yena uthi: cha, ngiyabonga

Besingamboni ngani umhlengi wokuqala.ngaphambili? Cishe ubezifihlile! Ngomthetho wesonto kwiOT kwakungumsebenzi wakhe wokuthenga kuNawomi isiqephu sensimu atshale kuyo ayigcine kahle ukuze kuthi isizukulwane sikaElimeleki sibuye sisithenge futhi ngelinye ilanga size sihlale phakathi kwabomndeni. Ziningi izindleko zomsebenzi onjalo.Yebo, umvuno ungowomhlengi kodwa kuze kube-nini na? Futhike uNawomi angangqongqotha njalo emnyango efuna uncedo. Hhayi, kuhle ukuhlala eceleni nokungasho lutho. Kodwa namhlanje umhlengi omkhulu akakwazi ukubaleka; uBowazi ongumhlengi wesibili ubeka yonke indaba phambi kwakhe(4-5). "Hawu, madoda, umthetho kaNkulunkulu ulukhuni", kusho njalo inhliziyo yakhe. Kodwa akakwazi ukubalekela indaba namhlanje. Uyavuma nje esacabanga ngezindleko eziningi.

Kodwa uBowazi akafuni ukumdedela; usathinta okunye futhi,"ngomthetho noRuthe angaba-ngumthwalo wami, uBowazi usho njalo phambi kofakazi bomkhandlu ophelele, okusho ukuthi ngiyothwala izindleko njalo"(5) ,kusho njalo inhliziyo yalowomuntu. UBowazi usebonile ukuthi akusizi lutho ukuthenga insimu kuphela nxa abomuzi befa bonke bengenamuntu esizukulwaneni sakubo. Ngakho umhlengi omkhulu uyazilandulela ngokuthi "kuyangehlula,bandla, funa ngone umndeni wami". Ungumuntu yena *okukhala* kwakhe, hhayi *okuthokoza* kusemthethweni kaJehova njengoBowazi.Niyabazi abantu abanjalo yini? Bazama ukubalekela njalo imiyalo yeNkosi, bathatha intando yeNkosi njengomthwalo. Izwi lithi masisheshe ukukhohlwa nguye.Lowomhlengi akatholi ngisho nagama eBhayibhelini. *Usibanibani* noma *Ongenagama*. Abanjalo abahlangene neNkosi noma bexubene nabesonto ngaphakathi.

3. "ngiyawuthanda umthetho wakho kangaka"(iHubo 119:97)

UBowazi ungokholwayo engithanda ukuba-nguye mina, umuntu othintwé nguMoya kaKristu nowenza umthetho weNkosi hhayi njengesigqila kodwa ngothando, njengoba kuyamthokozisa ukuyenza intando yeNkosi. Hhayi ngasese kodwa phambi kwabo bonke abantu baseBetlehema abasebephelele manje(11). Bayajabula bonke; isimame siyakikiza ngoba nangu umuntu owenza okweNkosi ngentokozo. Akakhalisi okukasibanibani wangenhla ukuthi imiyalo yeNkosi inzima. UBowazi ubezokuthi kanye noJohane: imiyalo kaKrisu ayinzima(I 5:3). Ubani oqambé amanga ezweni okuthi ukumlalela uKristu kuyamgqilaza umuntu na? Manifunde nje ukuthi kumthokozisa kangakanani uBowazi ukwenza konke ngomthetho(9-10). Ningasho ukuthi kwabalula kuye ukuba-ngumhlengi womuzi kaElimeleki. nokuthwala isizukulwane sakhe sonke eyedwa. Kodwa kuBowazi sibona ukuthi *uthando lungukugcwaliseka komthetho* (Rom 13:10). Osezwile uthando lweNkosi, uyayilandela ngentokozo. Intokozo ingumvuzo wakhe(iHubo 19:11).

4. ngomhlengi wethu

Emva kukaBowazi sengiyambona umhlengi wethu omkhulu uKristu ebonakala kwiNT ohawukela isizukulwane sethu. Nguye esingambiza ngokuthi umnewethu ozwela enane abafowabo abonileyo ngegazi lakhe.Ngumsebenzi athunyelwe wona nguYise. Kodwa uyakwenza lokho ngenjabulo ethi kuYise: ngithokozela ukwenza intando yakho(iHubo 40:9). UnjengoBowazi okuthokoza kwakhe kwakusemthethweni kaJehova.

→ 2

Kodwa kusekhona okunye futhi okufanayo. Njengokuba uBowazi ewawenza umsebenzi wakhe *esangweni,* kanjalo uKristu waba-ngumhlengi wethu eGolgotha *obala,* besizokuthi namhlanje *enkantolo kaNkulunkulu.* Sibe-ngabantwana bakaNkulunkulu-uBaba nabafowabo nodadewabo bakaKristu *ngomthetho.* Umsebenzi wenkantolo awusakwazi ukuchithwa.Ngingumntwana kaNkulunkulu nomfowabo kaKristu namhlanje, ngisayokuba-nguye njalo ngoba umsebenzi wenkantolo wasezulwini umile njalo.

Ruthe 4 : 13 - 22 = SIZALELWA UMNTWANA = 14-09-97

Sebeshadile labo bobabili oBowazi noRuthe. Konke sekulungisiwe kahle ngomthetho weNkosi. Umhlengi ufezé kahle umsebenzi wakhe wokwamukela umuzi ophofisiwe kaNawomi aze aganwe nguRuthe. Intombi yakwaMowabi uRuthe ibe-ngumakoti esontweni lakwaJuda kuze kulandwe eBetlehema ngokuthi nizwile na? Umakoti ukhulelwe! Kuze kuzwiwe umbiko wokuthi eBetlehema: sizalelwa indodana!

1. mayibongwe iNkosi

Sisakhumbula usizi olukhulu lwesahluko sokuqala mhla ushonayo wonke kwaMowabi nobumpofu babafelokazi ababili eBetlehema esahlukweni sesibili. Sisakhumbula amazwi amunyu ashiwo nguNawomi okuthi khohlwani igama lami lokuthi Nawomi(Nomnandi); ngibizeni-ke ngokuthi Nomunyu. Kodwa oNawomi noRuthe noBowazi sebebonile ukuthi indlela yeNkosi iyinqaba elondolozayo kwabahamba ngayo(iZa 10:29). Amacebo omndeni awasebenzanga kodwa yiNkosi ewuphumelelisile. Konke ekwenzayo iNkosi kuyabalungela abayithandayo.

Mhla bezalelwa umfanyana akekho ozibongayo emzini wakubo ngokuthi kwakuyicebo lami; angimuzwa uBowazi ethi: ngizalé kahle, mina noma ngimuzwe futhi uRuthe ezincoma ngokuthi kwakunjengoba mina ngathatha indlela yokukhothoza, noma ngimuzwe uNawomi eziqhenya ngokuthi icebo lokumthumela umakoti esibuyeni ebusuku lalingelami; namhlanje bavumelene bonke bethi ozigabisayo, makazigabise ngeNkosi.

Yebo, iNkosi iyabasebenzisa abangabayo njengoBowazi kodwa ikakhulu uRuthe okushiwo ngaye ukuthi muhle kunamadodana ayisikhombisa(15). Intombi yangaphandle yakwaMowabi ibongekile! Angazi ngamadoda asendulo kodwa awamanje ayaye angavumeli ilizwi elinje elibonga owesifazane ngaphezu kwabesilisa. Nokwana akusiye uRuthe noma ubani; ozigabisayo, makazigabise ngeNkosi.

2. ngomntwana "uNceku"

Isifiso somuzi waseBetlehema sokuthi igama lomntwana malidume, sagewaliseka ngoba nathi sisakhuluma ngalomntwana namuhla ngalapha eRichmond. Akusiye uBowazi noma uNawombi abamutha umntwana igama kodwa besizokuthi namhlanje yibo abebandla,ikakhulu abesifazane bebandla, abaqamba igama ngokuthi **uObede** noma ngolimi lwethu **uNceku.** Thulani,madoda, abesifazane bakithi bayaprofetha ngempela. Balaleleni-bo! Ngoba igama lokuthi uNceku sengathi yisiqoqo esifushane sayo yonke incwadi kaRuthe. Bobathathu(UNawomi noRuthe noBowazi) abazifunelanga okwabo kodwa babelungele **ukukhonza** abanye. UNawomi wamfunela uRuthe ukuphumula(3:1); URuthe wathobela umshado nomuntu omdala engazifunelanga okomuntu omusha(3:10). NgoBowazi sekukhulunyiwe kabanzi ngaphambili ukuthi njengomhlengi wawenza umsebenzi womthetho weNkosi ngenjabulo. Bobathathu babemkhonza uNgikhona kanjani? **Ngokukhonzana.** Ake siqaphele futhi ukuth omame bamfiselani uObede? Bathi sengathi umntwana angaba-ngumbuyisi wokuphila kwesalukazi nomondli waso(15). Abamfiselanga ubukhulu nodumo lwezwe. Bathi sengathi angaba-yinceku enhle ekhonela abanye.

Sesibonile ukuthi umuntu angaba-mkhulu kanjani phambi kweNkosi. Indaba kaRuthe iyasilandisa okomuzi,nokuswela ukudla, nomsebenzi othobile wokukhothoza, nokuziphatha ngendlela emsulwa ebusuku nokunceda umfelokazi. INkosi ayinibizeli kukho okukhulu namhlanje kodwa nibe-ngabathembekile nezikhonzi ezintweni ezincane(Luk 16:10,Mark 10:43). Yiyo leyondlela yokuzizuzela igama elikhulu phambi kweNkosi. Indaba yamanje yabantu abathathu ababeyizikhonzi ezethembekile ifinyelelaphi? Isiphetho sithi:yibo labo ababengokhokho bakaDavide(17,22). u-Obede cishe waba-nguyise omkhulu kaDavide.

3. ngomntwana uJesu

Kusekhona omunye uObede enimaziyo na? Nathi sazalelwa umntwana owaba-yinceku yesintu. Wazalelwa ukukhonza. Akezelanga ukukhonzwa kepha ukukhonza nokudela ukuphila kwakhe kubeyisihlengo sabaningi(Math 20:28) owathi esesimweni sikaNkulunkulu wazidela waba-yinceku,walalela kwaze kwabasekufeni kwesiphambano. Yiyona leyondlela aphakanyiswa ngayo amukela ngayo igama elikhulu phambi kukaYise(Fil 2:1-11), kwakuyindlela yokuba-yinceku, yokuba-yindodana yomuntu.

4. ngathi

Indlela kaObede yindlela kaJesu,yindlela yakho, indlela yenkolo inye. Ngoba nokuhamba kwethu lapha kwaseNatali kufinyelela kuKristu Jesu, emgomeni womlando wonke hhayi ekuzalweni kwakhe njengasesikhathini sikaObede kodwa ekubuyeni kukaKristu. Sokwenzenjani aze abuye emafwini na? Masibeyizinceku sibe-ngabethembekile ezintweni ezincane zasekhaya njengasemzini kaNawomi. Sisahlolwa manje ukuthi sibanjani ezintweni ezincane ize ibone iNkosi ukuthi ingasibeka phezu kokuningi yini kwasezulwini(Math 25:23).